



## Developing literacy at home

**School is not the only place where teaching happens! What families do at home provides children with their first and most important lessons.**

If you read and write regularly at home with your children, you are teaching them that reading and writing are important, useful and enjoyable activities. This helps make literacy learning easier for them.


Everyone at home has a role to play in developing young children's reading and writing. Here are some ideas on making literacy an enjoyable part of everyday family life.

- **Tell stories.** Tell your children stories, sing songs and recite poems you know. This stimulates their imagination and develops their language. Listen to their stories too, and remember to show your appreciation.
- **Share books.** Spend just 10 minutes a day reading a storybook aloud to your children. Make it a relaxed and enjoyable time. When your children realise that stories can be found in books, and that books are full of magical pleasure, they will want to start reading for themselves.
- **Develop children's confidence.** Value your children's attempts to read and write, just like you valued their first words! Give them lots of support to develop their confidence – that's half the battle

with learning. Listen to their pretend reading, and pretend to read what they have written. Children need to behave like readers and writers to become readers and writers.

- **Be a role model.** Show your children how you use reading and writing in your daily activities. Read your shopping list or notes out loud to them as you write. Make sure they see you reading – books, timetables, letters and newspapers.
- **Use your home language.** First stories should be in your children's home language. Children should learn to read and write in their home language well before they start to learn in other languages. A strong foundation in their home language is the key to all successful learning – including learning to read and write – because to learn well, they need to understand well.
- **Visit the library.** Books are expensive to buy, so join a library with your children – and use it! The librarians are there to help you.

You can find more information on what books to read to children in the Recommended Reads section of our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



## Ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala ekhaya

**Isikole asiyona kuphela indawo lapho ukufunda kwenzeka khona! Lokho okwenziwa imindeneni ekhaya kuhlizeka izingane ngezifundo zokuqala nezibaluleke kakhulu.**

Uma ufunda futhi ubhala njalo ekhaya nezingane zakho, uzobe uzifundisa ukuthi ukufunda nokubhala kuyimisebenzi ebalulekile, ewusizo, futhi ethokozelekayo. Lokhu kusiza ukwenza ukwazi ukufunda nokubhala kube lula kuzona.

Wonke umuntu ekhaya uneqhaza okumele alibambe ekuthuthukiseni ukwazi ukufunda nokubhala ezinganeni ezincane. Nanka amanye amacebo ekwenzeni ukwazi ukufunda nokubhala kube yingxenye emnandi yempilo yansuku zonke yomndeneni.

- **Ukuxoxa izindaba.** Xoxela izingane zakho izindaba, culani amaculo bese nihaya izinkondlo enizaziyo. Lokhu kukhuthaza ukucabanga kwazo, kuthuthukise nolimi lwazo. Lalela izindaba zazo futhi, bese ukhumbula ukukhombisa ukuthokozela ezikwenzayo.

- **Yabelanani ngezincwadi.** Yiba nemizuzu

eyi-10 ngosuku ufundela kakhulu izingane zakho incwadi yezindaba. Yenza kube isikhathi sokukhululeka nesithokozelekayo. Uma izingane zakho zibona ukuthi izindaba zitholakala ezincwadini, nokuthi izincwadi zigcwele umlingo wobumnandi, kungenzeka ziqale ukuzifundela ngokwazo.

- **Thuthukisa ukuzethemba kwezingane.** Yazisa imizamo yezingane yokufunda nokubhala, ngendlela efanayo nowazisa ngayo amagama azo okuqala! Zinikeze ukwesekwa okukhulu ukuze kuthuthuke ukuzethemba kwazo – ngale ndlela isinqotshiwe ingxenye yempi yokufunda. Lalela ukulingisa kwazo ukufunda, nawe wenze sengathi uyakufunda lokho ezikubhalile. Izingane kumele ziziphathe njengabafundi nababhali ukuze zize zibe ngabafundi nababhali.
- **Yiba isibonelo esihle.** Khombisa izingane zakho ukuthi wena ukusebenzisa kanjani ukufunda nokubhala emisebenzini yakho yansuku zonke. Zifundele kakhulu uhlu lwakho lozokuthenga noma amanothi ngesikhathi ukubhala lokhu. Qinisekisa ukuthi ziyakubona

ufunda - izincwadi, izinhlelo zesikhathi (timetables), izincwadi okubhalelwana zona, namaphephandaba.

- **Sebenzisa ulimi lwakho lwasekhaya.** Izindaba zokuqala kumele zibe ngolimi lwasekhaya lwezingane zakho. Izingane kumele zifunde ukufunda nokubhala kahle ngolimi lwazo lwasekhaya ngaphambi kokuba ziqale ukufunda ngezinye izilimi. Isisekelo esiqinile ngolimi lwazo lwasekhaya singukhiye wakho konke ukufunda ngempumelelo – okuhlenganisa ukufunda ukwazi ukufunda nokubhala - ngoba ukuze zifunde kahle, kumele ziqonde kahle.
- **Vakashela umtapo wezincwadi.** Kuyabiza ukuthenga izincwadi, ngakho bhalisani emtatsheni wezincwadi nezingane zakho – bese niwusebenzisa! Abasizi bomtapo wezincwadi bakhona ukuze banisize.

Ungathola neminye imininingwane yokuthi iziphi izincwadi ezingafundelwa izingane esigabeni sethu esithi izincwadi esincoma ukuthi zifundwe ewebhusayithini yethu: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your imagination

Read to me. Again! Again!  
Ngifundele.  
Phinda! Ubuye uphinde!





# Story stars

## Sparking a love of reading

Each year in May, book lovers flock to the beautiful Franschhoek valley in the Western Cape to attend the Franschhoek Literary Festival (FLF). One of the main aims of the festival is to encourage a love of reading. There is also a project, called the FLF School Library Project, which works throughout the year to help develop literacy in five schools in the Franschhoek community. We chatted to Margie Cunnaman about this project.

### What is the main aim of the FLF School Library Project?

We try to spark a love of reading in children by encouraging them to read for pleasure.

### What is your role in the project?

I came up with the plan for how the project would work and now I manage it. One of the things I did to get the project off the ground was to carefully choose 300 new books for each school that I thought the children would enjoy reading.

### How did you know which books to choose?

I had worked as a librarian in many different parts of South Africa so I could draw on my experience of books and children to help me. I also knew that we needed some books in the children's different mother-tongues and some books in English.

### How does the project work?


In each of the five schools, every class visits the library for 30 minutes of story time once a week. Children in Grade 3 and above are allowed to take books home to share with their families. The library is also open one afternoon a week after school. Teachers can bring their classes to the library too, to use the library resources.

### In which languages do you read to the children and why?

We read to the children in their mother-tongue and in English. It's important to develop their English, but they also have the right to read and enjoy stories in their mother-tongue.

### How important is access to books for developing literacy in South Africa?

Children need books in their hands to grow a love of reading!



Pic: Halden Krog

Margie Cunnaman

# Abavelele Ezindabeni

## Ukokhela uthando lokufunda

Njalo ngonyaka ngoMeyi, abathandi bezincwadi bathutheleka endaweni enhle esigodini saseFranschhoek eNtshonalanga Kapa ukuze bethamele iFranschhoek Literacy Festival (FLF). Enye yezinhloso ezisemqoka zalo mgubho ukugqugquzela uthando lokufunda, ngakho Iphrojekthi Yomtapo Wezincwadi Wesikole ye-FLF iqhubeka unyaka wonke ukuze isize ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala ezikoleni ezinhlanu ezisemphakathini waseFranschhoek. Sixoxe noMargie Cunnaman ngale phrojekthi.

### Iyini ihloso eyingqikithi yePhrojekthi Yomtapo Wezincwadi Wesikole ye-FLF?

Siyazama ukokhela uthando lokufunda ezinganeni ngokuzigqugquzela ukuthi zifundele ukuzithokosiza.

### Liyini iqhaza olibambile kule phrojekthi?

Ngaqhamuka nohlelo lokuthi ingasebenza kanjani iphrojekthi, manje sengiyiphethe. Enye yezinto engayenza ukuze kuqale ukusebenza iphrojekthi ukukhetha ngokunakekela izincwadi ezintsha eziyi-300 zesikole ngasinye engangicabanga ukuthi izingane zingakuthokozela ukuzifunda.

### Wazi kanjani ukuthi yiziphi izincwadi ongazikhettha?

Ngangike ngasebenza njengomsizi emitatsheni yezincwadi ezindaweni eziningi zaseNingizimu Afrika, ngakho ngasusela kulawo mava ami ngezincwadi nezingane ukuze ngisizakale. Okunye engangikwazi ukuthi sasidinga ezinye izincwadi ngezilimi zasekhaya zezingane ezahlukene kanye nezinye izincwadi ngesiNgisi.

### Isebenza kanjani le phrojekthi?

Esikoleni ngasinye ezikoleni ezinhlanu, iklasi ngalinye livakashela umtapo wezincwadi imizuzu engama-30 yesikhathi sezindaba kanye ngesonto. Izingane eziseBangeni Lesithathu kanye nangaphezulu zivumelekile ukuya nezincwadi emakhaya ukuze zabelane ngazo nemindeni yazo, kanti umtapo wezincwadi uyavulwa futhi ngentambama eyodwa ngesonto uma sekuphume isikole. Othisha nabo bangaletha amaklasi abo emitatsheni wezincwadi, ukuze basebenzise nezinsiza zawo.

### Nizifundela ngaziphi izilimi izingane futhi kungani?

Sifundela izingane ngolimi lwasekhaya nesiNgisi. Kubalulekile ukuthuthukisa isiNgisi sazo, kodwa zinelungelo futhi lokufunda nokuthokozela izindaba ngolimi lwazo lwasekhaya.

### Kubaluleke kangakanani ukwazi ukufinyelela ezincwadini ukuze kuthuthukiswe ukwazi ukufunda nokubhala eNingizimu Afrika?

Izingane zidinga ukuba nezincwadi ezandleni ukuze zikhulise uthando lokufunda!

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers\* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference. To nominate a Story Star, visit [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).



Enjoy every moment


Ezweni lonke, umuntu ngamuye kanye nabezinhlangano bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenywe yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo. Ukuze uqoke ovelele endabeni, vakashela ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

\* For terms and conditions that apply, go to [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)

\* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars)

### Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.





"I'm thinking of a word with six letters, that starts with 'l' and ends with 'd'," said Granny, busy with her crossword puzzle. "Come and help me."  
 "Ngicabanga igama elinezihlanu ezizisithupha, ezidla ngohlanu u 'm', zigcine ngohlanu u 'l'." kusho uGogo, egcwalisa i-crossword puzzle. "Woza uzongisiza."



Fold

"Granny, what are you doing?" asked Lela.  
 "Gogo, wenzani?" kubuza uLela.



We publish what we like

This is an adapted version of *What are you doing?*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Wenzani?*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiSonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

Fold



Carole Bloch  
Nikki Jones

"I'm looking for a special verse in my book. Come and help me," said Grandpa.  
 "Ngibheka ivesi elibalulekile encwadini yami. Wozazi zongisiza," kusho uMkhulu.



Fold ↩

"Has anyone seen Lele?" asked Mom when everyone sat down for supper.  
 "Ukhona oke wabona uLele?" kubuza uMama ngesikhathi umndeni uhlela phansi ukudla isapha.



"Hello, Mom, what are you doing?" asked Lele.  
 "Sawubona Mama, wenzani?" kubuza uLele.



"Hello, Lele, what are you doing?" asked Lele's family all together.  
 "I'm writing a story. Come and help me!" said Lele. And they did!  
 "Sawubona Lele, wenzani?" kubuza umndeni kanyekanye.  
 "Ngibhala indaba. Wozani nizongisiza," kusho uLele. Ngempela bamsiza bonke!

Fold ↩ 4

"No," answered everyone.  
 "Where on earth could he be?" asked  
 Lela's big sister, Sibongi.  
 "Chh," kuphendula wonke umuntu.  
 "Ngabe ukuphi?" kubuza udadewabo omdala  
 kalele, usibongi!




"Hi, Grandpa, what are you doing?" asked Lela.  
 "Sawubona Mkhulu, wenzani?" kubuza uLela.



Fold



Not behind the dustbin!  
 Akekho emuva komgqomo wezibi!



Not in the car!  
 Akekho emotweni!



"I'm writing a shopping list. Come and help me,"  
 said Mom.  
 "Ngibhala izinto engizozithenga. Woza  
 uzongisiza," kusho uMama.

Fold

Akekho endlini yezinjai  
Not in the kennel!



Akekho egaraji!  
Not in the garage!



Fold



"I'm reading the adverts to try to find a good, cheap bicycle. Come and help me," said Aunt Josie.

"Ngifunda izikhangiso ngifuna ibhayisikili elishibhile. Woza uzongisiza," kusho

u-Anti uJosie.



Not in the bedroom!

Akekho ekamelweni!



Not in the living room!

Akekho elonji!

"Hello, Aunt Josie, what are you doing?" asked Lele.

"Sawubona Anti uJosie, wenzani?" kubuza uLele.

Fold







## Get story active!



After you and your children have read *What are you doing?*, try out some of these ideas.

- Together look at the pictures again. Talk about the ways in which Lele's family uses reading and writing. What kinds of things do you use reading and writing for in your home?
- Read the story again, looking at the pictures closely. Stop to talk about the story as you read. For example:
  - Pages 4 and 5: What is Aunt Josie reading?
  - Pages 6 and 7: What do you think Grandpa's book is about?
  - Pages 8 and 9: Can you tell what the time is?
  - Pages 10 and 11: What are they having for supper? Where is Lele?
  - Page 15: What do you think Lele might be writing about? What kind of things do you like to write about?
- Let your children follow the instructions below to make their own book about how they and/or family members use reading and writing in their daily lives. Encourage children to write on their own – even if they make mistakes. Sometimes younger children like to draw the pictures and have you write down what they say. Let your children read their completed books to each other and to you!

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *uWenzani?*, zamani eminye yale miqondo.

- Bhokani izithombe nindawonye futhi. Khulumani ngezindlela umndeni kaLele okusebenzisa ngayo ukufunda nokubhala. Yiziphi izinhlobo zezinto enizisebenzisela ukufunda nokubhala ekhaya lakho?
  - Ekhasini lesi- 4 nelesi-5: Ufundani u-Anti uJosie?
  - Ekhasini lesi- 6 nelesi-7: Ngabe ucabanga ukuthi imayelana nani incwadi kaMkhulu?
  - Ekhasini lesi- 8 nelesi-9: Ngabe ungasho ukuthi isikhathi sini?
  - Ekhasini lesi- 10 nelesi-11: Badlani esidlweni sakusihlwa? Ukuphi uLele?
  - Ekhasini le-15: Ngabe ucabanga ukuthi uLele ubhala ngani? Zinhlobo zini zezinto wena othanda ukubhala ngazo?
- Vumela izingane ukuthi zilandele imiyalelo engezansi ukuze zenze izincwadi zazo ezimayelana nokuthi zona noma amalungu omndeni akusebenzisa kanjani ukufunda nokubhala ezimpilweni zawo zansuku zonke. Gqugquzela izingane ukuthi zizibhalele – noma ngabe zenza amaphutha. Ngesinye isikhathi izingane zithanda ukudweba izithombe bese wena kumele ukuba ubhale lokho ezikushoyo. Vumela izingane zakho ukuthi zifundelane zodwa bese zifundela nawe izincwadi zazo eziphelele!

## Make your own book

Use the blank book on page 8 and create your own book to share with others!

1. Fold the page in half along the red dotted line.
2. Paste the two halves together.
3. Fold the strip of paper along the black lines to create a zigzag book.
4. Think about the ways you and/or friends or family members use reading and writing. Draw pictures and write about this on pages 2 to 8 of your book.
5. Think about a good title for your book and write this on page 1. Draw a picture too. Remember to write the author's name – that's you!

Noodle

Bella

Neo

## Zenzele ibhukwana lakho

Sebenzisa ibhuku elingabhalwe lutho elisekhasini lesi-8 bese uzakhela elakho ibhukwana ozokwabelana ngalo nabanye!

1. Goqa ikhasi libe uhhafu ulandele umugqa wamachashaza abomvu.
2. Namathisela uhlanganise lezi zingxenye ezimbili ndawonye.
3. Goqa umucu wephepha ulandele amachashaza amnyama ukuze wenze incwadi emazombezombe.
4. Cabanga ngezindlela wena kanye noma nabangani noma amalungu omndeni abasebenzisa ngayo ukufunda nokubhala. Dweba izithombe bese ubhala ngalokho ekhasini lesi-2 ukuya kwelesi-8 ebhukwaneni lakho.
5. Cabanga ngesihloko esihle sencwadi yakho bese ubhala lokho ekhasini loku-1. Dweba nesithombe futhi. Khumbula ukubhala igama lombhali – uwena lowo!

## In your next *Nal'ibali* supplement:

- Getting and keeping children motivated to read
- Story Star: Inspirational reading club volunteer, Faith Shabangu
- Ideas for your reading club
- Mini-book, *Sonny Jim and his sister*
- A zigzag book, *Clever Busy Bee*

Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

Find us on your cellphone:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)  
Sithole kumakhalekhukhwini wakho:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwa*Nal'ibali*:

- Ukukhuthaza nokugcina izingane zinomdlandla wokufunda
- Abavelele Ezindabeni: Ivolontiya lethimba lokufunda elinika ugqozi, uFaith Shabangu
- Amacebo ethimba lakho lokufunda
- *Ibhukwana, uSonny Jim nodadewabo*
- Incwadi emazombezombe, Inyosi *Ehlananiphile Nematasatasa*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usithole ku-Facebook: [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



1 8

2 7

3 9

4 5

